


ABATHANDIWEYO BETHU BAYASIDINGA MASIGOMELE I-COVID-19 UKUZE SIQINISEKISE UKUTHI SIHLALA SIKHONA UKWESEKA ABATHANDIWEYO BETHU

INGABE BEWAZI?

- Uma uneminyaka eyi-18 yobudala nangaphezulu, awusadingi ukuba ulinde! Hamba uyogonywa esikhungweni sokugoma esiseduzane nawe.
- Ungavele uziyele wena endaweni yokugoma, ngaphandle kokubekisa isikhala lapho uzofike ubhaliselwe khona ukugoma futhi ugonywe.
- Ungenza lenqubo isheshe ngokuzibhalisa wena ku - <https://vaccine.enroll.health.gov.za> ngaphambi kokufika endaweni yokugoma.
- Labo abangakwazi ukufinyelela kwi-inthanethi, bangabhalisa nge-SMS ngokushayela ku - *134*832*inombolo yakho kamazisi # Uma ungenayo inombolo kamazisi, shayela ku - *134*832#
- Ungabhalisa futhi ngokusebenzisa inombolo ye-WhatsApp ye-COVID ngokuthumela u- "REGISTER" ku-0600 123 456.
- Izinsizakalo zokubhalisa ze-SMS neze-WhatsApp azikhokhelwa; asikho isidingo sokuba nedatha noma ne-airtime ukuthola usizo.
- Kuhlala kubalulekile ukugqoka isimfonyo, ukungasondeli kakhulu kwabanye kanye nokuhlamba izandla ngensipho noma ukusebenzisa isanithayza futhi uvule amawindi ukuze kungene umoya omusha.
- I-COVID-19 iyaqhubeka nokusabalala futhi ukugonywa yiyona kuphela indlela yokwehlisa ukusabalala kwaleligciwane emiphakathini yethu.
- **Uma usugonyiwe, uvikeleke kangcono ekuguleni okubi, ekulalisweni esibhedlela nasekufeni.**
- **Ngokugoma abantu abanele, singanciphisa isidingo sezinyathelo ezinzima njengokuhlaliswa ezindlini nemikhawulo.**

**MASIGOMELE I-COVID-19 UKUZE SIPHINDE SIKWAZI
UKUVAKASHELA IZINDAWO ESIZITHANDAYO NOKUBONA ABANTU
ESIBATHANDAYO.**



public works
& infrastructure

Department:
Public Works and Infrastructure
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

STAY
SAFE

PROTECT SOUTH AFRICA

TOGETHER WE CAN BEAT THE CORONAVIRUS